

Izigi ZABALIMI

The official NEWSLETTER of SAFDA

August 2019



RV PRICE JULY 2019: R4 207,37 (R55.77 Down vs June 2019 Price). D Factor 0.403078

USihlalo kaSAFDA uhlonishwe ngeziyu zobjuDokotela

By Sfiso Mnguni, Head: Grower Affairs



Ushlalo ka SAFDA uSiyabonga Madlala ekhuluma ngemuva kokuhloniswa kwakhe ngeziyu zobjuDokotela iKolishi i-Good Sheperd Theology College

Ukuhlonishwa kuka Madlala kusuka ekuzinikeleni kwakhe ekuthuthukiseni umnotho nasekuletheni uguquko emphakathini. Umsebenzi omkhulu kaDkt Madlala ugqame kakhulu emkhakheni wezolimo, ikakhulukazi ezindaweni zase makhaya aGlendale Valley Kwamaphumulo. Njengosihlalo we-South African Farmers Development Association (SAFDA) uye wakhathula indima

enkulu ekuguqulweni komlando embonini kashukela eniminyaka eyikhulu (100) yabakhona.

NgoLwezi wonyaka ka 2015 i-SAFDA ihole umkhankaso wokugquula usomqulu kahulumeni olawula imboni kashukela noqinisekisa ukuthi abalimi bakamoba abamnyama babamba iqhaza ekuthathweni kwezingumo kwalemboni nasekuphathweni .Ngesikhathi

kwamukelwa ngokusemthethweni i-SAFDA uDkt Madlala uthe "kunezinkulomo ezbeka lenhlangano njengesitha kulemboni. i SAFDA inezinhloso ezinhle ngemboni kashukela."

Ukuzibophezela kukaDkt Madlala ekuthuthukiseni kwezenhlalakahle yabalimi kuyinto akholelwa kuyona kakhulu. Umehluko omkhulu kwezenhlalakahle yabalimi ukuthi ihlose ukubeka inzuso yamabhizinisi kubantu abaningi abadinga usizo, ngakhoke uma kukhona okusalayo kuya kusomabhizinisi. Umzekelo: uma ibhizinisi lenze inzuso, u90% uya kubantu abadingayo bese u10% uya kusomabhizinisi nokuyinto ongxiwa abangakwazi ukuyenza," kusho uMadlala.

UMnu. Bongani Kunene walesikhungo uphethe ngokuthi "lesikhungo sihloniphe uMadlala sibona igalelo lakhe ekufukuleni umphakathi nobuyisa umnotho wezolimo endaweni yase Glendale ngokubuya ukutshala kabusha umoba kanye nokuholo kwakhe inhlango yabalimi i-SAFDA eqophe umlando ngokuba ihlonishwe kulemboni."

PAGE 2: Intsha engamashumi amahlanu ithunyelelw ukyoqeqeshelwa amakhono ngokohlelo lweNARYSEC

PAGE 5: Ukwethulwa kohlelo lukamanyolo nembewu eKZN

PAGE 3: Kwehle umthwalo kubalimi bakwa-SAFDA ngesikhathi bethola uxhaso lwaManyolo

PAGE 6: I-SAFDA isayine isivumelwano ne-CCBSA

PAGE 4: ISAFDA isayinde isivumelwano sokusebenzisana kanye neMOU neMpumalanga

PAGE 9: Intsha kwezolimo eMpumalanga

Intsha engamashumi amahlanu ithunyelelwe **ukuyoqeqeshelwa amakhono ngokohlelo IweNARYSEC**

By Nondumiso Mlondo: Communications Officer



Intsha yohlelo lakwa-NARYSEC Kanyo noShlalo wakwaSAFDA uDkt Siyabonga Madlala Kanyo neNhloko kaMqondisi womnyango wakwaRural Development and Land Reform e-KZN uNhlanhla Mndaweni

UMnyango wezokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya nokuBuyiswa koMhlaba neSAFDA bavalelise ngempumelelo nangukuziqhenya intsha engamashumi amahlanu (50) ezoba ingxenye yohlelo i-National Rural Youth Service Corps (NARYSEC) noluzothatha iminyaka emibili. Loluhlelo kuhloswe ngalo ukuhlomulisa nokuthuthukisa intsha yasemakhaya ngamakhono ahlukahlukene kanti lunika intsha eyingxenye yalo ithuba lokuqeqeshwa ezinkampanini ezinhlobonhlobo, ezizimele nezikahulumeni ngezindlela zokuguqula umnotho wasezindaweni zasemakhaya.

Ekhuluma esithangamini sabezindaba ngaphambi komcimbi wokuvalelisa lentsha, uMqondisi eMnyangweni wezokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya nokuBuyiswa koMhlaba

uMnu Nhlanhla Mndaweni uthi "loluhlelo luzolekelela kakhulu ukugqugquzela intsha ukuba nayo izibandakanye ekwakhiweni komnotho wakuleli/luphinde lusize umkhakha wezolimo ukuheha intsha njengoba lomkhakha waziwa njengo wabantu asebekhulile nokuthi ungumkhakha othathwa ngokuthi awusekho esitayeleni". UMndaweni ushayele ihlombe isinyathelo esithathwe i-SAFDA sokusiza lentsha ukuba ifeze amaphupho ayo ngemuva kwaloluqequesho oluzothatha izinyanga ezingama ezingamashumi amabili nane.

Ushlalo wenhlangano ka-SAFDA UDkt Siyabonga Madlala uhluleke nokuzibamba injabulo ngaloluhlelo njengoba loluhlelo le NARYSEC kuwuuhlelo lalenhlangano lokuqla

laloluhlobo. UMadlala utshele abezindaba ukuthi "lokhu kungenye yezinto okumele siziqhene ngazo nobekufanele ijatshulelwe iwona wonke umuntu". uMadlala Ubuye wabalula ukuthi lomcimbi usho ukunqoba kwenhlangano i-SAFDA njengoba umnyango wezokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya nokubuyiswa komhlaba usiphendule ngokushesha nangempumelelo isicelo sale nhlangano emele abalimi sokuthi uhulumeni alekelele labalimi abancane nemiphakathi ibuyiselwe imihlaba nokuthi iSAFDA ibahlinzeke ngomanyolo ngesikhathi esizayo. uShlalo uthi bakholelwa ukuthi lokhu kungenelela kuzoba nomthelela omuhle kakhulu ekuthuthukiseni imikhiqizo nezivuno, ukwenza inzuso, ukuzinza kwabalimi embonini nokudala amathuba emsebenzi.



Kwehle umthwalo kubalimi bakwa-SAFDA ngesikhathi-bethola uxhaso lukaManyolo

By Anwah Madhanpall, GM Farm Management Services

*u-Hyster wethula amasaka kamanyolo kumaLoli
kwisiGcinampahla saseGledhow*

Inhlangano emele abalimi i-SAFDA iiyakuthokozela ukumemezela uxhaso lwenkece ebalelwya kwizigidi ezingu-R133 066 553. loluxhaso Iwamanyolo Iwaziwa nge ratoon management funding ,noluvela kumnyango wezokuthuthukiswa kwendawo zase makhaya nokubuyiswa komhlaba njenganalokhu luzokwenza kubelula ukuqhube ka nokusiza abalima ngokuncane esifundazweni ikwazulu natali kanye nasesifundazweni sasempumalanga.

Loluhlelo sevele luqalile ukusebenza kusuka ngolwesibili lomhlaka 9 kuMbasu 2019. Lokhukuzangemumva kokuba isafda ifake isicelo soxhaso kuhulumeni ukulekelela abalimi bakamoba abalima ngokuncane nalabo ababuyiselwe umhlaba nokuyibona abakhahlamezeke kakhulu kulemboni.

Abalimi ikakhulukazi abalima ngokuncane ibona abaye bethinteku qala ngokwehla kwentengo

kashukela, ekubeni izindleko zimba eqolo ngenxa yesomiso esishaye leboni kashukela. Ukungenelela komnyango wezokuthuthukiswa kwendawo zase makhaya nokubuyiswa komhlaba kuzolekela kakhulu ekukhuliseni umkhiqizo, Kuqinise uzinzo kubalimi abalima ngokuncane ngaphezu kwakho konke kuzodala namathuba emsebenzi emphakathini wabalimi kanjalo naseMbonini.

Ubuholi buka SAFDA buqinise ubudle-Iwano babo nabaholi bendabuko esifundazweni saseMpumalanga.

By Nondumiso Mlondo: Communications Officer



Ubuholi buka SAFDA buhlangana naMakhosi asesiFundazweni saseMpumalanga ngemuva komhlangano wokuzethula eMakhosini

Inhlangano emele abalimi i-South African Farmers Association, i-SAFDA ngamafuphi ngaphansi kobuholi bukaSihlalo wayo uDkt Siyabonga Madlala izethule ngokusemthethweni

kuboholi bomdabu (Amakhosi) esifundazweni iMpumalanga. Omunye umuntu engazibuza ukubaluleka kwaboholi bomdabu kanye nendima yabo abayidlalayo emphakathini wethu.

Nansi incazeloe egcwele nesheshayo ekhanyisa ngendlela yokusebenza kobuholi bomdabu. Ubuholi bomdabu bungezinye zezikhungo ezenganyelwe Amakhosi ngokomthethosisekelo. Abaholi bomdabu bangaboholi ababhekelele izimpilo zabantu nokuphepha kwezwe ezindaweni ezisemakhaya. Lobu buholi bahola abantu basezwenikazi i-Afrika ngezikhathi zeziimp, ezobugqila, ezokulwela inkululeko kwezomnotho kanye nezombusazwe ngezikhathi zengindezeloyombuso wamakoloni nobandlululo.

Amakhosi akhathula indima enkulunebonakalayo ngemisebenzi ayenza emphakathini njengoba kuyiwona ayizihluthuleli zokuvula iminyango eyahlukene kuhulumeni, noxhaso kanye nabatshalizimali emphakathini. Kunaboholi abengamele

noma abaphethe imiphakathi ngokwenqubomgomu wesintu nokungukuthi inhlangano ka-SAFDA ekholelwa kakhulu kulokhu njengoba iningi lamalungu alenhlangano engama –Afrika.

Ngenkathi usihlalo walenhlangano u Dkt Siyabonga Madlala nobuholi be-SAFDA eMpumalanga buholwa ushlalo kaSAFDA kulesisiFundazwe uMoses Mkhabela behlangana naMakhosi bankankanya kanzulu izinto iziningi ezithinta ezolimo esifundazweni ikakhulu abalimi bakamoba nokuyinsika yomsebenzi we-SAFDA okwamanje. Phakathi kwezinye zezinto ezabhungwa kuhlanganisa izindlela zokuqeda indlala ngokufukula abalimi abasakhula noma abalima ngokuncane nokuqinisa uzinzo lwabalima ngokuncane kulemboni, nokuthi i-SAFDA izohlomulisa kanjani abantu okunzima ukuba benze inzuso ngomoba abawutshalile.

Abaholi bendabuko ababeyinxene ye yalomhlangano baqiniswa idolo ngu Dkt Madlala ukuthi i-SAFDA ikhona ukuzoshintsha konke okungekhona ubulungiswa obenziwa izinhlangano ebezithi ezabantu kanti ziqhube izihloso zabathile noma zeqequebala labebala elithize ,ukuntula kobulungiswa phambilini kwashiya abantu bakithi (Abamnyama) behlwempu nakuba babenawo umhlaba wokutshala namakhono okuwusebenza nokwahlwithwa uhulumeni wobandlululo.

Dkt Madlala obelokhu eseqhulwini kusungulwa i-SAFDA uphinde waqinisekisa Amakhosi ukuthi i-SAFDA ilwela ushintsho noselubonakala kubalimi abangaphansi kwalenhlangano kanti lokhu kuyakhombisa uma ubheka uguuko olwenzekile. Ekhuluma emhlanganweni naMakhosi uDkt Madlala uwaxnuse ukuba awuthembe u-SAFDA nobuholi balenhlangano njengamanje, wabe esewaqinisekisa ukuthi u-SAFDA akusiyona enye yezinhlangano eyakhelwe ukuba izoqola abantu base Afrika ikakhulu labo asebeke babhekana nalesimo phambilini. UMhlangano waphetha ngenkulu intokozo kanjalo nenjabulo, Amakhosi ayehlangene noSAFDA awangabazanga ukunikeza lenhlangano izibusiso njengoba basithola isiqinisekiso sokuthi lenhlangano inenzinhloso ezinhle kuphele ngabantu baseNingizimu Afrika.

ISAFDA isayinde isivum-elwano sokusebenzisana kanye neMOU nesifundazwe saseMpumalanga

By Nondumiso Mlondo: Communications Officer



UShlalo wakwaSAFDA u-Dkt uSiyabonga Madlala ecikica isivumelwano sokusebenzisana nenhloko kaMqondisi emnyangweni wakwaAgriculture, Rural Development, Land and Enviromental Affairs esifundazweni saseMpumalanga u-Dkt Maanda Dagada

I-SADFA yethula ngokusemthethweni ukusebenza kwayo ngaphansi kwesifundazwe iMpumalanga. Ikwenze lokhu ngokuba nendumezulu yomcimbi ngase kuqaleni kwenyanga uMay ezinkundleni zemidlalo KwaMhlushwa.i-SAFDAisiyizwilabali abebengamelelekile eMpumalanga ikakhulukazi abebala elimnyama abebekhushwe inyumbazana ukuba bebambe iqhaza kumboni kashukela enomlando onothile.

I-SAFDA yasungulwa ngomhlaka 25 kuLwezi ngo 2015 abalimi abalima ngokuncane abahlubuka ku- South African Cane Growers Association (SACGA) ngenxa yokungameleleki kahle,Kwamangala abanangi embonini kashukela mhaka -12 ngo Zibandlela 2017 uMnyango wezoHwebo neZimboni (Trade and Industry) wamukela i-SAFDA njenge nhlangano ezoba izwi labangenaawi.

E Mpumalanga i-SAFDA isayne isivumelwano sokusebenzisana neminyango eyahlukahlukene kahulumeni. Phakathi kwayo le minyango, uMnyango weZolimo, eZemvelo kanye nowoThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya nokuBuyiswa koMhlaba ngenhlosu yokwenza ngcono impilo zabalimi nokuyinto ehambisanu nombono kanye nenqubomgomu yalenhlangano yabalimi bakamoba .

Ukusayina kwe-SAFDA isivumelwano sokusebenzisana naleminyango kahulumeni kusho ukholumula nokufukuleka komlimi omnyama nasekukhuleni komkhijizo

nokudlulisela amakhono noqequesho lwezolimo entsheni yakulendawo.

Ekhuluma emcimbini wokwethula ngokusemthethweni ukusebenza kwe-SAFDA eMpumalanga ezinkundleni zemidlalo kwaMhlushwa usekekela Ngqonggoshe eMnyangweni wezokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya nokuBuyiswa koMhlaba uCandidh Mashego Dlamini ugqugquzele abalimi abamnyama ukuba basukumele ilungelo labo lokuba abalimi.

"Sekuyisikhathi sokuthi kushintshe ukuthi abalimi abamnyama behlezi bebizwa ngabalimi abasafufusa noma sebendlondlobele sebengabahwebi," kusho uMashego-Dlamini.

UShlalo we-SAFDA u-DKT Siyabonga Madlala ugcizelele ukuthi kuningi okusamele kwensiwe ukuze lenhlangano emele abalimi bakamoba i-SAFDA iqhubeke ibe nempumelelo. UDkt Madlala uthi lokhu kusezandleni zamalungu ka-SAFDA ukukhombisa labo abonomcabango wokuthi lenhlangano ayisiwona uqhephukhowe njenge zinhlangano zeze politiki ezsungulwe ngenxa yentukuthelo nezingasoze zaphumelela ngenxa yendlela ezasunguleka ngayo.

"I-SAFDA izokwenza konke okusemandleni ukugqinisekisa ukuthi izimpilo zabalimi abamnyama ziyashintsha ziba ngcono, Ngeke ihlale lenhlangano igqoqo izandla abantu bakithi behlupheka umhlaba wokutshala ukhona," kusho uDkt Madlala.

Ukwethulwa kohlelo lukamanyolo nembewu lube impumelelo esifundazweni sakwaZulu-Natali

By Nondumiso Mlondo and Anwah Madhanpall



uShlalo wakwaSAFDA u-Dkt Siyabonga Madlala
ekhulumfa nezinkumbi zabalimi ebebehambale
umcimbi wokwethulwa kohlelo lokuvuselela
ihlumela ngomanyolo eGingindlovu

Abalimi ebebehambale ukwethulwa kohlelo lokuvuselela ihlumela
ngomanyolo eGingindlovu

UMengameli wezwe uCyril Ramaphosa umemezele inkece eyisamba esilinganiselwa ku-R50 Billion wamarandi okumele usetshenziswe uhulumeni, nozosiza kwisabelo nkece ekuthini uhulumeni atsheleke imali.

UMengameli ukuvezile ukuthi le mali izosatshalaliswa kwezoLimo, isemalokishini nokuthuthukisa umnotho ezindaweni ezisemakhaya. Uveze ukuthi uhulumeni uzokwethula uhlelo lokwesekwa kwabalimi abaMnyama ukuzebakwaziukusingatha umkhiqizo wabo. Ukubhekwa kwezoLimo kuyaqondakala kwazise kunomthelela omkhulu ekudaleni amathuba omsebenzi ayisikhathi eside.

Inhlangano yabalimi iSouth African Farmers Development Association (SAFDA) iveze isidingo sokwesekwa

kwabalimi abaMnyama abasemonini yomoba. Lokhu kuza emva kwempahlha eza kuleli eshibhile elinganiselwa ku-500 000. Kanti lokho sekube nomthelela omubi embonini yomoba njengoba abalimi bethola inkokhelo encane.(abalimi bakweleta izinkampani ezigayayo imali).

- Ukuqhakambisa ukutshalwa kwezimali kwezolimo ukuze kusizakale abalimi bakwazi nokukhuphula umnotho wabo.
- UKusungulwa kwamabhizinisi amancane ezindaweni ezisemakhaya ikakhulukazi abesifazane kanye nezingane ngenhloso yokudala amathuba omsebenzi nokuthuthukisa umnotho ezindaweni ezisemakhaya.
- Ukudala uhlelo lokuxhaswa kwabalimi, ukuqeleshwa kwabo

kanye nokusungulwa kwamabhizinisi ezindaweni ezisemakhaya. ISAFDA isohlelwani lokusungula ibhange layo.
• Izimoto ezikhethekile.ukusiza abalimi.

4.1 Izinselelo ezibhekene.nabalimi abasebancane emboni kashukela. Abalimi abannane badlale indima enku lu kuleboni nasemlandweni wayo. Lemboni ibonakala ikhula ikakhulukazi ngakwezomkhiqizo kanti ezinhlaka zibonakala zehla.

Njengamanje imboni kamoba inabalimi abalinganiselwa ku-20 000 abatshali kumhlaba ongasebenzi esifundazweni iKwaZulu Natal kanye naseMpumalanga. Amapulazi abo alinganiselwa kumashumi amathathu wama hectares kwayisithupha kuthi

amabili abe ama hectares amabili. Imininingwane iveza ukuthi abesifazane balinganisela ku-60 % kanti 48% wamaphesenti kubona ugcine ukufunda emazingen aphansi. Yize kunjalo ngenxa yemfundo ephansi kodwa amapulazi abo enza kahle ngenxa yokuthola ukuqequesha kwabanolwazi olunzulu, kwezokuphatha kwezolimo. Kanti iningi labalimi abancane bakhombise ukwehla.

4. UBUDLELWANO NESOUTH AFRICAN FARMERS DEVELOPMENT ASSOCIATION (SAFDA)

UMnyango wezokuThuthukiswa kwezindawo ezisemakhaya kanye nokuBuyiswa koMhlaba (DRDLR) kanye neSouth Africa Farmers Development Association (SAFDA) bangene kwisivumelwano ngonyaka ka-2018 sokuhlinzeka abalimi bomoba abaMnyama kanye nemiphakathi yabo.

Injongo enkulu yeSAFDA ukushintsha imboni kashukela ukunika balimi ithuba lokukwazi ukuthatha izinqumo kulemboni, kanye nokuqinisekisa ukuthi abalimi abaMnyama bayakwazi ukwenza inzupo ngomoba.

Uhlelo lokusiza abalimi abancane emcimbini weSAFDA ngenyanga uLwezi ngonyaka ka-2019. ISAFDA yenze imizamo yokuxhumana nohulumeni imunxusa ukuba asize abalimi abancane abasafufusa ngomhlaba kanye.nokubuyiswa koMhlaba. ISAFDA iphinde yaveza inkinga yokushoda kwenkece.

Izithelo zesivumelwano sika SAFDA no CCBSA seziyabonakala

By Andile Buthelezi, Head: Grower Financing



Ubuholi bukaSAFDA Kanye nesikhulu esiphezulu sakwaCoca Cola uNoxolo Khahlana besika iribhini ngesikhathi kuvalwa isizinda sokukhiquza umanyolo wakwaSAFDA

NgoMasingana ngonyaka owedlule ikomidi lePhalamende elibhekelele ezoHwebo neziMboni elibekwe ngokusemthethweni ukubheka umsebenzi woMnyango wezoHwebo neziMboni nokusetshenziswa koMthethosisekelo livakashele abemboni kashukela.

UZokwanda ongumcwaningi lePhalamende embikweni wakhe uveze lokhu okulandelayo njengezinye zezingqinamba ezibhekene nabalimi bakamoba abamnyama;

- Ukungalawulwa kohlelo Iwezokuthutha nezikathathi zazo, ezihlelwa ngokwezinkampani ezinikwe izivumelwano,
- Ukwentula uxhaso,
- Ibanga elide lalapho kukhiqizwa khona umoba (sugar mills) ikakhulukazi abalimi basendaweni iMakhathini (Enyakatho-Mpumalanga neJozini)
- Ukubambezeleka kokugaywa komoba, ikakhulukazi ngemuva kokusha kwavo okungahleliwe/ngengozzi

Amalungu alelikomidi athola ukushaqeka okukhulu ngemuva kokubona izitaki zomoba ezazingathuthwanga ngokwedlule sezome zaba ukhahla emasimini zingai emishinini ngenxa yezingkinga ezibhekane nosonkontileka nomababalimi kanye nangenxa yomthamo omuningi emshinini kamoba.

Yizingkinga ezifuze lezi ezidale ukuba i-SAFDA ngohlelo Iwayo olubizwa nge-SAFDA FARM MANAGEMENT isungule uphiko Iwayo Iwezokuthutha nokuhloswe ngalo ukunciphisa izindleko ezikhungethe abalimi abasafufusa nalabo ababuyselwa umhlaba, inciphise nesikhathi esilindwa ngaphambi kokuba umoba ungene emshinini iphinde iqinisekise ukuthi awukho umoba oqhinqa emasimini ngemuva kokuhlahlwa ungayi emshinini.

Ngalokhu emqondweni i-SAFDA yanxenxa inhlangano engaphansi kweCoca Cola Beverage of South Africa (CCBSA) i-Mintirho ukuba ixhase abebenciswe amathuba phambilini kanye nokungalutholi usizo lokuthenga izinsizakusebenza ezifana namaloli. I-SAFDA yaphinde yaqaphela izingqinamba ezibhekana

nabalima ngokuncane nalabo abalima emhlabeni owabuyiswa uhulumeni uma bezithengela umanyolo ngentengo yokuncintisanan. Ngaphandle kwamndla omnotho wokuthenga, lokhu ngeke kube impumelelo.

I-SAFDA ithathe isinqumo sokhiqiza umanyolo ngenhloso yokuwuthengisa ngamanani aphansi kubalimi abangaphansi kwayo, nalapho futhi iye yanxenxa i-Mintirho ukuba ifake isandla.

Inhlango i-Mintirho ilamukele ithuba lokusebenzisana ne-SAFDA ngoba ikholelwa wukuthi bamqondomunye yabe isibagixabeza ngemalimboleko engu 14 Million wamarandi ukuthenga ingqalasizinda efana namamaloli nokokuvundisa. Lokhu kungenelela kweMintirho kuhloswe ngako ukunciphisa izindleko zokusebenza kubalimi, kukhulise umnotho, ngaphezu kwakho konke kuqinisekise ukuthi abalimi abamnyama bayalibamba iqhaza embonini kaShukela ngale kokuba abahlahli.

I-CCBSA ayinikezelanga nje ngosizo lwezimali kuphela kepha iphinde yalekelela ngezokuthutha ezisezingeni eliphezulu nehamba phambini ezweni lonke.

Lesi sivumelwano sokusebenzisana phakathi kwe-SAFDA, i-CCBSA neMINTIRHO sibukeka sizothela izithelo ezinhle ezinhlelweni zamanje nasezinhlelweni zekusasa lethu.

"Ukukhubazeka kwami angeke kungivimbele ukuthi ngiqhubeku nokuba uMlimi"

By Nondumiso Mlondo: Communications Officer



uJoseph Makamu ongusonkontileka ocheleta uphoyizeni wokubulala ukhula uhlola abasebenzi bakhe kwelinye lamaPulazi esifundazweni saseMpumalanga

Kujwayelekile ukuthi abantu uma bebona umuntu okhubazekile bazitsheli ukuthi akawazi ukwenza izinto zenzeke ngenxa yokukhubazeka, kepha akunjalo kuJoseph Makamu ongusonkontileka ofutha abulale ukhula ngaphansi kwenhlangano yabalimi bakamoba i-SAFDA.

Eminyakeni edlule uMakamu ubephila engumqabavu kuthe ngo 2016 wevelelwa umshophi ehlaselwa isifo seTB yamatambo esimshiye ehamba ngesihlalo kulandela ukufa nokungasebenzi komogodola wakhe,yize kunjalo kepha konke lokhu akuzange kumqede amandla noma kushintshe indlela abuka ngayo impilo . "Ngadumala ngonyaka u2016 ngesikhathi uDokotela engitshela ukuthi angeke ngiphinde ngikwazi ukuzihambela ngenxa yalesisifo ngangikaze ngizicabange ngikulesimo,Kwabanzima ngasekuqaleni ukwamukela lesimo kepha kwakumele ngisamukele ngokushesha ngenzele uMndeni wami".Kusho uMakamu .

Nakuba uJoseph usesihlalweni samasondo kepha impilo yakhe isaqhubeka ngokujwayelekile njengoba esavuka ayoohlola ukuthi umsebenzi uhamba ngononina yini emasimini aphinde alekelele abasebenzi uma kufanele. Lona akusiwo umsebenzi olula kumuntu onokukhubazeka kepha kuMakamu akunamehluko.

UMakamu uthi ungene kulomkhakha wezolimo ngemumva kokugqugquzwelwa umngani wakhe owabe jwayele ukumhambisa eplulazini lakhe, Uthi naye wathatheka kalula njengoba impilo kamhlobo wakhe yabe ingcono kakhulu uma

eyiqhathanisa neyabanye abanamabhizinisi olunye uhlolo.

"Ukungakhethi iphela emasini kwenhlangano i-SAFDA uma inika osonkontileka umsebenzi kusisize kakhulu njengoba sesikwazi ukuxosha ikati eziko, imvamisa abantu baye bakwehlulele ngokubuka indlela oyiyo ,banele bekubone nje ukuthi ukhubazekile bazitsheli ukuthi ngeke ukwazi ukwenza umsebenzi kahle,Kepha i-SAFDA ayikubheki lokho ingakho sibonga sinconcoza ngethuba abasinikalona singabantu akhubazekile.

abantu abaphila nokukhubazeka babhekana nezinselelo eziningi njengoba iningi labo bethola ukucwaswa futhi bahlukunyeze emiphakathini abayakhele kwsinye isikhathi nayimdeni yabo uqobo, amalungelo abo afana nelokuthola imfundo,ukuthola ukudla, ukuthola umsebenzi kanye nokuthola usizo lwezempiro enyathelwe negezinyawo.

Ngenxa yendlela abaphathwa ngayo abantu abaphila nokukhubazeka, iningi labo lizithola lilahlekelwe ithembalokwenza izinto zabo ngoba sebekholwa ukuthi njengoba ukhubazekile akukho ongakwazi ukuzenzela khona bakhohlwe ukuthi umqondo usuke ungenankinga usebenza nje kahle, Lawa amazwi kaMakamu ophinde wagqugquzelu abantu abasesimeni esifana nesakhe ukuthi bangavumeli ukuqedwa umdlandla inomangabe isiphi isimo ababhekana naso "umqondo wakho usebenza kahle, kungani ungayisebenzisi ingqondo yakho Kanye nobuhlakani bayo kunokuba ufune ukudatshukelwa ngabantu?".

Ukuba yinxenye kwezokukhiqiza kufana nokufezeka kwephupho

By Nondumiso Mlondo: Communications Officer



uDicks Mathebula epulazini lakhe likaMoba

Ngemuva kwesikhathi eside, kuyinto ebese ijwayelekile ukuthi abalimi abaMnyama baphile ngaphansi kwezikweletu ngoba befuna ukukwazi ukondla imindeni yabo baphinde bakwazi ukuyisa izingane zabo ezikolen, benze inzuso kanti ukwenza imali eyengeziwe yinto abangakaze bayicabange. Konke lokhu sekushintshile kumnumzane Mathebula kusukela esejoyine inhlango yakwa-SAFDA njengoba imsize yamvulela amathuba amanangi ezamabizini abekade engawacabangi. UMathebula ukuthakasele ukuthola umanyolo wamahhala kuhulumeni ngoba lokho kuchaza ukuthi uzokwazi ukuvuna umkhqizo omningi, "Ngenxa yokufika kweSAFDA nokuba yilungu layo sekungilethele inhlanhla njengomlimi kulesizini ngoba sengithola umanyolo wamahhala okokuqala ngqa njengomlimi, kanti sengibe umlimi iminyaka eminingi angikaze ngithole lutho lwamahhala

bengihlale ngikhokha, Njengoba sengishintshe umkhumbi ngagibela ohambayo ikhane ngiqala ukuthola into yamahhala nelusizo kimina njengomlimi," kusho Mathebula obebonakala ukuthi ugcwele injabulo.

UMathebula uthi ngesikhathi saphambilini bebebhekelele ukutshala umoba nje kuphela, kanti bezingekho nezingxoxo zokungena kwezokuhweba ngomkhqizo wabo ngoba bebengekho abebefundisa ngalokho nanokubaluleka kokubamba iqhaza kwi-value chain, uthi bebecabanga ukuthi lento yokubamba iqhaza emnothweni ingeyebala nje elithile. UMathebula uthi ukufika kukaSAFDA ushumayele ivangeli lokungena kwezamabhizinisi kwezemkhqizo kubavule amehlo ukuthi kuningi abangakuza mabeyinxenye yohlelo. "Uyazi ukuthi besingazi lutho ngalomkhakha wezokuhweba thina ebekwazi ukulima asikaze sicabange

ukuthi singangena kwezokuThutha, noma iliphi nje ibjizinisi elikhikhona ekulimeni elingakungenisela imali,ngaphambi kokufika kwaSAFDA".

Inhlango kaSAFDA isuse omkhulu umthwalo kubalimi abebedonsa kanzima ekuthengeni umanyolo kanti nokungelela kukahulumeni sekusize abantu abanigi abanjengoMathebula, kwaphinda kwabasiza nangasezimalini.

"Ukuthola manyolo wamahhala kuzonyusa isikalo somkhqizo wethu, okushoukuthisizokwenzainzuzoenku siqwazi ukuziphilisa neminden yethu, Isifiso sethu njengabalimi bakamoba sifuna uhulumeni avale intela kashukela anyuse intela yemikhqizo engenayo kuleli ukuze labo abaletha ushukela wangaphandle baphelelwwe umdlandla ngoba lokho kudala izinkinga kubalimi bakamoba bakuleli" kusho Mathebula. Uhulumeni wakuleli uthembise ukungelela kulezikhalo zabalimi bomoba njengoba sibaphazamisa kakhulu, sekunezinkampani ezinkulu eseziungule.imikhqizo engenawo ushukela ngenxa yentela ephezulu kashukela ephazamisa abalimi bamoba....

ISAFDA emkhankasweni wayo yenza isiqinseko sokuthi labo abebencishwe amathuba phambilini ngenxa yebala labo sebeyakwazi manje nabo ukuzuza kulesikhathi sentando yeningi, njengoba sineminyaka engama-25 izwe lakhululeka. ISAFDA ikholelwwe ukuthi abantu bafanelwwe okuncono futhi kumele basizwe kanjalo nakuzinto ebezenzeka ezingebona ubulungiswa ziyalungiswa ngendlela, kanti lokho kungenziwa abantu abafanele.



uDicks Mathebula ebheka ebheka umoba wakhe epulazini elisendaweni yaseMangweni eMpumalanga

Intsha kwezolimo eMpumalanga

By Nondumiso Mlondo: Communications Officer



iPulazi likaMoba iSigtsee B kwaHHoyi esiFundazweni saseMpumalanga

Isasasa kwezolimo kanye nokubangosonkotileka kwentsha eifundazweni saseMpumalanga likhule kakhulu kulandela ukuzibophezela kwabo emkhakheni yezolimo, Lababalimi abasha bahlomule ngoxhasomali kuSAFDA ngosizo emnyangweni wakw-Rural Development and Land Reform, Kanye nomnyango wakwa-Agriculture Rural Development, Land and Environmental Affairs eMpumalanga ngemuva kwesivumelwano esasayinwa Phakathi kwaleminyango noSafda ekuqaleni kwalonyaka. Lokhu bekwenziwa ngenhloso yokuheha intsha kwezolimo, ikakhulukazi abalimi abampisholo. Ukusayindwa kwesivumelwano sokusebenzisana Phakathi komnyango wezoLimo esiFindazweni saseMpumalanga Kanye noSAFDA kwakusho isiqalo esisha nesiza nezinguquko eziningi embonini yezolimo kanjalo nasekuthuthukisweni kwamakhono.

UParis Mkhabela oneminyaka enga-21 ubudala waseMpumalanga ungomunye wabantu abahlomulile kuloluhlelo, uthi wakhulela emndenini lapho kulinywa khona nokwamholela

futhi kwaphinda kwamngungquzelu ekuthenini naye alandele lomkhakha wezoLimo."ngikhule emndenini onogqozunofuqufuqu ngezoLimo nokungangithathanga isikhathi esingakanani ukuthi nami ngiwuthandelo mkhakha, kanti angizi soli ngokulandela ezinyathelweni zabazali bami" Kusho umkhabela. UMkhabela uthi uyalibona ikusasa kwezolimo ngoba lona ngumkhakha othathelwa phezulu ekukhulisweni komnotho wezwe njengoba ezolimo zinyusa umnotho (GDP) ngo13, 2% Kanti iningi lentsha yakuleli ikholelwa ekutheni umkhakha wezolimo owabantu abangafundile ngokwanele.

UMkhabela uthi into acabanga ukuthi iyona eqhelisa kakhulu abantu abasha emkhakheni wezoLimo kuleli ukuthi njalo uma kukhuluma ngezolimo kuyaye kuthathwe lomkhakha njengomkhakha wabantu abangafundile noma abafulwa isikole okanye abangahlakaniphile, kanti kuyaye kuqhakambiswe ukuthi uma ufunu ukuceba noma ube nemali eningi kumele wenze umsebenzi wasemahhovisi kuphela la ozofaka khona amasudu kanokusho hhayi amabhuza nama-avaroni " abantu

bayaye becabange ukuthi ukuze ube nemali kumele usebenze emahhovisi uphathe aama-Laptops ugqoke izimpahla ehibizayo ilapho kea bantu bekubona ukuthi wenza umsebenzi wangempela ikakhulukazi uma ungumuntu omusha, uma nje uke wathi ungumlimi ubukeleka phansi"

UMkhabela ungomunye wabantu abasha eMpumalanga ababambe iqhaza ekuqhizineni amathuba emisebenzi yesikhashana njengoba kuyilokho okudindwa izwe lethu ngalesiskhathi. Izibalo zezocwaningo labe StateSA ziveza ukuthi isibalo sentsha ebalelwaa emnyakeni engu 15-24 iyona ishayekakakhulu ngokuswela amathuba emisebenzi yezandla (Labour market) kanti isibalo sentsha yonke kuleli engasebenzi senyukele ku55, 2% isibalo esigabenisokuqala ka 2019. Abantu abafana noMkhabela ibona abenza kube lula kuhulumeni wakuHulumeni wakuleli ukuthi akwazi ukulwa nesihlava sokungabibikho kwemisebenzi uma abantu abafana noMkhabela bekwazi ukuthi bezisungulele bona amaBhizinisi abo bengaze belinde uhulumeni ukuthi asungule imisebenzi..

Speech by the premier of KZN Sihle Zikalala at the KZN launch of Ratoon Management-fertilizer

By Premier of the KwaZulu-Natal Provincial Government, Mr. Sihle Zikalala



uNduankulu wesiFundazwe sakwaZulu Natali uSihle Zikalala ethula iNkulumo yakhe ngesikhathi kwethulwa uhlelo lokuvuselelela ihlumela ngomanyolo eGingindlovu ngaphansi kukaMaspala uMlalazi

Protocol

The Minister of Rural Development and Land Reform, **Hon Maite Nkoana-Mashabane**

The Chairperson of the Parliamentary Portfolio Committee on Trade and Industry, Hon JL Fubbs.

District Mayor of King Cetshwayo District Municipality, **Cllr NNP Mkhulisi**

Mayor of uMlalazi Municipality, Cllr TR Zulu

The leadership of South African Farmers Development Association (SAFDA) led by **Dr Siyabonga Madlala**

Amakhosi asendlunkulu akhona Acting Director-General of the Department of Rural Development and Land Reform, **Ms Rendani Sadiki**

The leadership of the sugar industry represented by **Mr Hans Hackman**

All government, private sector and civil society partners of SAFDA

Abalimi bonke abavela kwizifundamishini ezahlukene zaKwaZulu-Natal naseMpumalanga Province

It is a great honour to address this dignified gathering as we launch the Ratoon Management Programme. The launch is a demonstration of the forging of mutually valuable partnerships between various stakeholders including the industry, communities and ourselves as government.

This gathering is, thus, a conspicuous demonstration of our renewed and fortified pledge as government to deploy our veres towards achieving a shared purpose of ensuring our people are emancipated out of poverty.

Ladies and gentleman, it's not debatable that South Africa is a country of contrasts.

On one hand, the country has a well-developed infrastructure network,

particularly roads, and a sophisticated financial system that mimics a country in the Western world.

Yet, this general picture hides a great diversity of fortunes, development experiences and challenges confronting this nation. In the midst of such a developed financial system is a multitude of people who still live in extreme poverty struggling to provide food on the table, and a myriad of young people who cannot find decent jobs offering a living wage.

As Government, we have always strived to promote policy choices that ensure equitable access to all economic opportunities within the country. The programme we are launching today gives us yet another opportunity to drive that vision.

Programme Director; let us, therefore, congratulate the Department of Rural Development and Land Reform for

partnering with SAFDA to uplift small scale sugar cane farmers who, for a long time, have seen their share of the sugar cane output perennially depleting over the last two decades.

In 2005, there were 48 000 developing farmers, mostly rural small-scale farmers, and 1 741 commercial farmers in the country producing 27 million tonnes of sugar cane from an area of 430 000 hectares.

Fifteen years later, in 2018 the number of developing commercial farmers has slightly dropped to 1 550 whilst the developing farmers have plummeted to 28 000 and production has dropped to 20 million tonnes of sugar cane on 390 000 hectares. Of the 28000 developing farmers, I am told less than 11 000 produce sugarcane in a given season.

Questions need to be asked as to what happened to about 20 000 farmers that have been lost to the industry in the past 15 years, rising to 30 000 if we stretch the period to two decades ago.

The loss of a black farmer is the loss of a household livelihood. 30 000 farmers who are no longer farming sugarcane mean 30 000 households have lost a source of livelihood. It is reported that almost one in six, or 1 000 000 South Africans derive their livehoods from sugar cane.

With close to 70% of Sugar can farming taking place in KwaZulu-Natal, the province is disproportionately affected by the loss of small-scale sugar cane farmers. The problem is compounded by the fact that the KZN is predominantly rural making sugar cane farming a key activity in the province.

Therefore, the investment by DRLR comes at an opportune time as we try to aim is to create opportunities in areas where our people live. We commend the leadership of SAFDA for championing the cause of rural small-scale and emerging sugarcane farmers.

The investment will see fertiliser and agro-chemicals being applied on perennial sugarcane roots to allow for healthy sugarcane shoots to grow. The 35 000 hectares of sugarcane fields targeted for rationing will benefit about 11 650 small-scale and emerging farmers mainly in KwaZulu-Natal and Mpumalanga Lowveld.

The survival of our farmers and good performance of the agricultural sector is a concern that we share with SAFDA. In 2018 the President of the country announced a Stimulus Package that would help to rev up the economy and create opportunities for our people. In the Stimulus Package, agriculture

was identified as one of the sectors that possesses a potential for job creation in the immediate and long term. The stimulus made commitments to help black farmer make inroads in the food value chain and not end with primary production.

The production of biofuels remains an opportunity that can turn around the sugar cane industry and ensure the small scale farmers benefit more from the industry. The government is finalising the biofuels policy that will see the introduction mandatory fuel blending, in itself a game changer.

In a province that is predominantly rural and agricultural, it is important to make sure our agricultural sector is well supported and well-functioning as our people depend on it. To achieve this, government need to work with partners in the private sector and civil society. The SLA signed between SAFDA and the Department of Rural Development and Land Reform begins to make this a reality.

In the 2019 State of the Province Address, the Premier highlighted the critical role the agricultural sector plays in creating jobs. We set a target to expand employment in the sector to over 162 000 by 2020.

The provincial government has also prioritised support for the agricultural sector and unlocking agricultural value chains that will generate enterprise development and job creation.

The Radical Agrarian Socio-Economic Transformation (RASET) Programme is one such programme that promotes development of agricultural value chains through leveraging government buying power.

The RASET programme will see government facilitating markets for small-scale farmers in the Province, with commitment to procure 50% of food for institutionalised populations such as hospitals, prisons, and schools from previously disadvantaged enterprises. There are five districts that have been identified to pilot this transformative programme, namely the King Cetshwayo, iLembe, uMkhanyakude, eThekweni, and Harry Gwala Districts.

We invite SAFDA to mobilise and position its farmers to participate actively in this programme. We are working on refining its implementation to remove some of the teething problems which have been experienced. We encourage sugarcane farmers to use this opportunity to diversify their incomes. A small-scale farmer or emerging farmer is paid once per year or after two years. I am aware that sometimes farmers receive no payment at all because of costs of operations.

Input costs have a negative impact on sugarcane farmers. Fertiliser together with labour contributes about 62 % to the costs of sugarcane farming. This figure comes from a research done on sugarcane farms in the Eshowe/Entumeni area under uMlalazi Municipality. With the small-scale and emerging farmers, the situation is usually worse. The Ratoon Management Programme will assist in reduce input costs for our farmers. Our SMME and Co-operatives Development Programmes remain the bedrock of our initiatives to foster enterprise development and to change the economic landscape in line with the agenda of radical economic transformation. In order to assist these new entrant entrepreneurs, we are pioneering a ground breaking initiative, known as the KwaZulu-Natal Bulk Buying and Warehousing Programme.

This facility, the first of which is now established in Mandeni, is aimed at lowering the cost of sales for our small and emerging retailers in order for them to be competitive and be able to expand their market share and participate in the retail value chain. This is part of our efforts to transform and revitalise township and rural economies in order to foster inclusive growth.

In February 2019 SOPA, we also highlighted the importance of transformation in the manufacturing sector, like in all sectors of our economy. We have established a strategic partnership with the Department of Trade Industry (DTI) focusing on promoting the Black Industrialists Programme. So far 9 KZN Black Industrialists have been selected and are receiving support as participants in this Programme.

We are aware of the wonderful work and plans that SAFDA has put in place since its formation.

Transformation

We have been following developments around transformation within the sugar industry and welcome the inclusion of SAFDA as a body that is the voice of black poor farmers in this industry. We applauded the gazetting of Transitional Regulations in October 2018.

As a provincial government we will set up a Working Group that will assist in finalising a long-term plan of the industry in support of the initiatives driven by the Department of Trade and Industry.

The sugar sector of great importance to the provincial economy. Its sustainability is of benefit to all of us. Of importance to us is making sure the sector is inclusive and provides opportunities for black participation in

the value chain.

Fertiliser manufacturing

We are aware that SAFDA has acquired a fertiliser blending plant that will provide fertiliser to sugarcane farmers at cost. This is being realised with the financial support in a form of an interest-free loan that the Coca-Cola Beverages South Africa (CCBSA) has extended to SAFDA. The provincial government will look at supporting the expansion of this capacity so that SAFDA is able to supply fertilizer not only to sugarcane farmers but to other agricultural commodities in the province and in the country. Our incentives must come to bear in supporting this wonderful initiative.

Logistics

We are also aware that SAFDA is building up its logistics capacity that will ensure fertiliser and other inputs are delivered efficiently, that the sugarcane from deep rural areas get to sugar mills timeously, reducing the besetting challenge of Burn Harvest To Crush Delay (BHTCD) that plagues small-scale farmers, causes them losses that run into millions every season. Well done again to CCBSA for extending the interest-free loan of R14 million to SAFDA, allowing it to acquire an initial fleet of trucks that will set up SAFDA Logistics.

Using our capacity as a province and state-owned development finance institutions, we will seek to bolster this initiative so that SAFDA is able to

serve not only sugarcane farmers but also other support other programmes of government like the RASET programme.

Business support

We would like to link small-scale sugarcane farmers to our SMME and Co-operatives Support Programme to help them grow and be established. The backbone of any economy is the small businesses. We must develop our small-scale farmers as businesses so they can support rural economies. There must be a partnership between our government and SAFDA that makes it easy for farmers to register co-operatives, receive financial incentives and business support on how to run co-operatives. Co-operatives are a solution to growing rural businesses, we just need to do them right. SAFDA must help us to change perceptions around co-operatives.

Sustainability programme

We are concerned about the state of the sugar industry that these farmers operate in. We read troubling reports about the performance of some of the key players. We know the sector has been battling challenges like low world market price, cheap imports, we understand that the Health Promotion Levy is one of the biggest challenges lately. As government we must look at whether proceeds of this levy cannot be ringfenced in investing in diversification opportunities that will place the industry on a growth trajectory. We want to see SAFDA

leading in making sure that such opportunities are biased towards black farmers.

Partnerships

The Department of Rural Development and Land Reform has charted the way by signing the MOU with SAFDA in 2016, the SLAs signed in 2016 and 2018 allowing support to flow to farmers in the ground. We welcome the initiative of the Department that will help our farmers.

The provincial government will initiate a process to sign agreements between SAFDA and key departments, specifically the Department of Agriculture and Rural Development (DARD); and the Department of Economic Development, Tourism and Environmental Affairs (edtea) in order to start working on modalities for partnering in delivering on the interventions I have mentioned above.

Let us work together to grow our farmers, grow the sugar industry and the KwaZulu-Natal economy. As I conclude let me remind all of you that the right to vote was won through huge sacrifices in our country – let us therefore not dare to betray those sacrifices by ensuring that on Wednesday 08 May we go in our numbers to cast our votes!!!

Let us GROW SOUTH AFRICA TOGETHER.
I thank you







A long-term partnership that never stops growing

When a partnership stands the test of time, it becomes more than just about providing a product or service.

It's about offering our expert advice and insights that provide a deeper understanding of the sectors in which we serve and offering tailor-made solutions to suit our client's individual needs.

Technology changes, so do we. Climates change, we adapt.

Corporate and Investment Banking

absa.co.za/cib